

# IZIBHAMU KANYE NEZIKHALI ZENDABUKO: YEBO NOMA CHA?

PACSA FACTSHEET NO. 42 SEPTEMBER 1996

Zonke izinsuku abantu abangu 19 baseSouth Africa bayabulawa. Kungabe siyazidinga yini izibhamu. Lelipheshana lisinikeza izizathu ezisho ukuthi kungani kumele sihlukane nezibhamu. Liyabuza futhi ukuthi sinalo yini ilungelo lokuphatha izibhamu nezikhali zendabuko. Izindlela ezingcono zokwenza impilo engcono kulezikhathi ezimbi ziyabekwa.

Izikhali zendabuko ziyathinteka emacaleni okubulala. Kuyadingeka ukuba ziyekwe. Kakhulukazi injongo kaNkulunkulu ngempilo ukuthi asiqguqguzele njengamakholwa ukuba simelane nokuphathwa kwezikhali.

## 1. IZIBHAMU



### Kungani kumele sehlukane nezibhamu?

- Ukuphathwa kwezibhamu sekube yinto eza ngamandla odlameni ezweni lethu. Ngo 1994 eSouth Africa abantu abayizigidi eziyisikhombisa babulawa ngezibhamu kanti izigidi eziyisikhombisa namakhulu ayisikhombisa ayathinteka ekubulaleni.
- Izinga lobugebengu liphezulu, ngenxa yokwanda kwemvula yezibhamu.
- Izibhamu zitshengisa ukwehluleka kwethu ukwakha umphakathi ophephile. Abantu abahlonipha umthetho kuyezwakala ukuthi bonokwesaba, okubenza ngobuningi babo bajikele ekubeni nezibhamu.
- Izibhamu aziyona into ongayithemba ekukuvikeleni, kukhona ukuthi isibhamu sakho singakulimaza kunokukuvikela. Abanikazi bezibhamu abanengi babulawa izigebengu ngezibhamu zabo. Ngakho-ke ukuba naso akuqiniseki ukuphepha.
- Ubunikazi besibhamu bungakwenza ube ngohlaselwa izigebengu ngoba zisifuna. Izigidi eziyishumi nanhlanu zezibhamu ezisemthethweni tshontshwa njalo ngonyaka.
- Ngakolunye uhlangothi angeke ukwazi ngisho ukusebenzisa isibhamu sakho uma usuhlaselwe -e.g uma kwebiwa imoto, abahlaseli banokukudubula uma bebona ukuthi unesibhamu.
- Kumele usho ukuthi ufuna izingane zakho zikhulele endaweni yesibhamu noma qha. Uma ufuna ukuba nekusasa elinokuthula uzofisa ukunciphisa izinga lezibhamu. ■

### Umfana oneminyaka emine uduthshulwe wafa

Umfana oneminyaka emine ufe ujuqu emva kokudu buleka ngephutha kuyise Ku Ohrtmann Road (e Pietermaritzburg) Ngomsombuluko ebusuku. U Endurad de Jesus ongusomabhizinisi, ubelinganisela umndeni wakhe ngokwenzeke esitolo kade ehlaselwa izigebengu. Ngenkathi esebeka isibhamu sakhe esikhwameni saso, inhlamvu yaphuma yamlimaza esandleni yabulala indodana yakhe u David Andrade Goncalves (4). U David wadubuleka ekhanda wafela khona lapho. Amaphoyisa asevule icala lokubulala.

*(Natal Witness 7/5/95)*



## Unalo yini ilungelo lokuphatha izibhamu?

Umthetho sisekelo wethu omusha awusho "ukuba nelungelo lokuphatha izikhali." Sidinga ukuphepha, kodwa okuvela ekunakekeleni nasekwethembeleni komunye nomunye. Izikhali zandisa ukwesaba nokungathembani - lokho akusho ukuphepha. Ilungelo elihle kunelokuphatha isibhamu **ilungelo lokuletha ukuthula**, ukwakha indawo enobungani nokwethembana. Sidinga sakhe isiko lokuthula, ayi lokuphatha izikhali.

*Inhlangano engenazibhamu eSouth Africa inhlangano ezinikele ekwakheni isizwe esiphephile, esingenako ukwesaba, ngokwehlisa izinga lezibhamu emphakathini.*

### i South Africa Ekhululekile Ezibhamini I kuvumile ukuphatha kwezikhali ngalezizathu:

1. Ilungelo lokuphatha izikhali alikaze lithathwe njengelungelo eSouth Africa. Bekuhlala kungavunywa ukunikizwa kwamalayisense kuze kwazeke isidingo salesosibhamu.
2. Loku kuyimizamo yokwenza kwintando yeningi.
3. Udlame lungeke lwehle ngokushesha ngaphandle kokwehlisa izinga lokuphathwa kwezibhamu.
4. Uma kuyimvume yentando yeningi ukwehlisa izinga lokuphathwa kwezibhamu ezingekho emthethweni lokho kungeke kwaphikiswa nangumthetho sisekelo.




5. Ilungelo lomthethosisekelo lokuphathwa kwezikhali belingaba semthethweni bese kuthi zonke izibhamu ezingekho emthethweni kanye bacele ilungelo lokuphatha noma iziphi izikhali.
6. Ilungelo lokuphathwa kwezikhali lingaqquguzela impi engekho emthethweni.
7. Akungabikho lutho oluzonciphisa izindlela zokwenza ukuthula. Ubukhona bezibhamu nokuthembela kuzo kokuphepha kunciphisa amathuba okubheka enxenye, kwezinye izindlela ezingasiza ekuletheni ukuphepha nokuvikeleka endaweni yethu.
8. Ilungelo lokuphepha ekusatshisweni ngokufa ngesibhamu, likhipha kakhulu "ilungelo" lokuba nesibhamu esisodwa. Sekubonakele ukuthi abantu abangu 80% base South Africa abangenazikhali bagxile kakhulu kulabo abanezikhali ukuba baziyeke ukuzisebenzisa ngendlela ezosabisa umphakathi kunokuba babe nazo. Injongo yethu akusikona ukuvala izikhali kulabo abanazo, kodwa ukuphephisa iningi. ■

## Izindawo Eziphephile Ezibhamini

Indawo ephhephile esibhamini indawo lapho izibhamu zingavunyelwe khona. Iyindawo lapho abahlali bethe azingeni izibhamu khona ukuqiniseka ukuphepha. Ilapho abantu behlala besebenzisa amalungelo abo (e.g ekusithekeni, ekwakheni indawo ephilayo, ukuphepha) ukubeka imibandela kulabo abafikayo endaweni. Okufanayo kungenziwa ngezibhamu. Lokhu kuzosiza abantu ukuba bahambe bakhululeke endaweni yabo engenalo udlame lwezibhamu, ehlose ukwakha indawo ephhephile, ngokunciphisa izinga lezibhamu endaweni. Kunethemba lokuthi lokhu kuzonciphisa izinga ledlame nobugebengu.

Kwezinye izindawo lapho izibhamu zingavunyelwe khona kunemithetho ethi izibhamu azingeni ebhilidini kanti kunendawo eseshayo ubukhona bazo. Kwezinye izindawo singayekisa ukuphathwa kwezibhamu- njengasemahhovisi, ekhaya, esikoleni, ezindaweni zomphakathi, ezikhungweni zokufunda, nasemasontweni. Ingeke sathatha izibhamu kubantu kodwa singatshela abantu ukuthi izibhamu azamukelekile. Singabacela abanikazi bezibhamu bahambe noma bashiye izibhamu zabo emakhaya. Uma umnikazi webhilidi engavumeli muntu ophethe isibhamu endaweni yakhe, umthetho uyomeseka lowo mnikazi, kunalowo ofikayo ophethe isibhamu kulelobhilidi. Lokhu akubhekwa emaphoyiseni, wona azohlala ehlo mile. Ilungelo lokungesabi lihamba phambili.

Singaqala ngamunye emakhaya, ezimotweni nasezemasontweni, sicele nasemisebenzini ukuba kubekwe njengendawo engenazibhamu. U PACSA unazo zonke izidingo zendawo engenazibhamu eSouth Africa yalabo abadinga amasayini nokuzimbandakanya nalolu hlelo. ■



# Izindlela zokwena impilo iphephe kulezikhathi ezimbi kangak

## Ukuphepha kwakho

- Yazi ngobukhona bengozi endaweni yakini.
- Phendula ngendlela efanele, ayi ngokulwa ezintweni ezimbi azenzekayo.
- Zibandakanye nezinhlango zomphakathi.
- Uma uhlangana nomhlukumezi awothi "Awungazi yini? Ngisebenza (e.g.) e kiliniki/ehhovisi lezokwaluleka."
- Yenza umsebenzi wakho nekhaya lakho lazeke njengendawo enosizo. Yiba semgaqweni uma kunengozi. Nikeza usizo lonakho njengocingo, izingubo, nokudla.
- Indawo yakho mayibe nobungane, kodwa uma kunosizo lokho, thola i Arlamu noma umxhumanisi, noma sebenzisa isifutho noma indweba.
- Musa ukuchaya umnotho wakho, e.g. njengokuhamba ngemoto kanokusho, nokugqoka ubucwebecwebe. Qgoka izingubo ezizokwenza ukubaleka kube lula ezikhathini ezinzima.
- Yazi omakhelwana bakho, ubukhona babo bungakusiza ebunzimeni. Yiba nevuso ukuthola ngokwenzekayo.
- Kungasiza ukuxhumana nomakhelwana bakho, ngesixhumanisi esithize, uma kunomsindo, e.g. ngendweba yamaphoyisa. Wonke umuntu uma ehlaselwe angayithola indweba yokubiza amaphoyisa azomsiza.



## Ukuphepha komphakathi

- Thumela izincwajana kumphakathi ubameme emhlanganweni okhuluma ngobugebengu nokuphepha bese wakha iqembu ozosebenza nalo kulemibono yakho.
- Zimbanda kanye nabathela intela endaweni okuyona.
- Yakha ikomiti elingahlomile eliqaphile emigwaqeni.
- Joyina abe-SA Neighbourhood Watch (011 8864555) abazokusapota.
- Amaphoyisa adinga siwabone njengabavikeli bomphakathi. Sidinga amaphoyisa angathathi sayidi azonikeza usizo kuzo znke izindawo. Ukubonakala nokusebenza kwawo kuyadingeka kakhulu emadolobhaneni amancane ngaphandle kwalokho bazozibona bedinga usizo lwezikhali ukubavikela. Sebenzisana nohlelo lwangakini lokuvikela, (noma lusungule uma lungekho) bese usebenzisana nezinye izihlangano.



- Yenza umhlangano wokuxazulula izinkinga nongahlangene nezenzo zodlame.
- Siza ekwenzeni umoya wobunye, emphakathini e.g. ngokusebenzisa abantu abangasebenzi nasekuhlanzeni indawo.
- Hlanganisa abangakhululekile nendawo yakwaNICRO.
- Nikeza uxhaso kubahlukumezeki bodlame.
- Xhumana nohulumeni bezikhungo benze bazi ngokwenziwa iqembu lakho.
- Bhalela kwabezokuphepha (Private Bag X9080, Cape Town, 8000, noma Private Bag X463, Pretoria, 0001) uma unganelisekile noma kwenzeke into enosizo.
- Sapota izihlangano ezilwa nobugebengu.
- Siza ekwakhweni komnotho ngaphandle kokulwa kanye nokuvikela intando yeningi. ■

## 2. Izikhali Zendabuko

Izikhali zendabuko zithatheka njengezinto ezingedale ingozi emzimbeni e.g induku, umkhonto(ocijile), umkhonto nje kanye nesagila. Umthetho awuyinaki induku(yokuzakhela), isibhamu sokuzakhela noma imbazo yokulwa. Noma ingeyendabuko noma cha, konke lokhu kuyingozi kanti sekuvaliwe.

Isibalo sithi izigameko zokufa kwaZulu/natal ziqhamuka kwizikhali kakhulu kunasezibhamini- ikakhulu kwizikhali zendabuko. Isibalo samaphoyisa sithi cishe zingu 60% izingozi ezidaleka ngenxa yezikhali kunalezo zezibhamu eminyakeni emihlanu edlule. (Mail & Guardian 4/4/96). Lezizikhali zaba phambili emacaleni okubulala ezindaweni ezisemaphandleni, ikakhulukazi ezimpini zombango. Lokhu kwatshengisa isidingo sokuvimba ukuphathwa kwalezizikhali.

Ngo March 1996

uhulumeni wakulwa ukuphathwa kwalezizikhali obala ezinkantolo eziwu 17 kulesisifunda. Loku kwakuwuyicala emthethweni, kodwa kwakungakakhishwa ekwenziweni. Umthetho waseNatali wango 1891 wakwenza njengecala ukuphathwa kwalezizikhali. Lokhu kwaqugquzelwa uhulumende we NP ngo1990. Balahlwa icala, kodwa futhi bala ukuqala umthetho emva kokubusa. Kanjalo nangemuva kokuvalwa kwa March 1996 abanye- kuhlange nophethe kwaZulu/ Natali u Frank Mdlalose wafunga ukuziyeka.

Umpumela wophenyo kwaPACSA enkantolo kwa Zulu/Natali wokubhekelelwa kokuyekwa kwezikhali zendabuko wathengisa ukudideka okukhulu emthethweni. Abanye abazange babone nkinga ekuphathweni kwalezizikhali. Kuzokhokghiswa abantu uma beqhubeka nokuzisebenzisa/ nokungazisebenzisi. Imithetho yayisabonwa ngabanye njengesebenzayo emthethweni, kodwa abezepolitiki ba bahamba phezu komthetho. **Abezepolitiki bavumela abantu ukuphatha izikhali zendabuko, nakuba umthetho uzibona njengezikhali ezinengozi.** Ezingaholele ekupanishweni uma abantu beqhubeka nazo. Izinhlole zenkantolo zathi kunezindlela ezahlukene zokupanishwa kwabantu abphatha izikhali zendabuko nabaphatha izibhamu. ■

## Ukuphepha kungabe kusezikhali noma Kukulunkulu?

Ukukholwa kwabantu bakwaIsraeli kwabonakala **ngokubhekana** nezikhulu ezaziseduze nabo ezazisebenzisa inkolo ukunika umthetho oqinile ekuxhaphazeni umbuso. Abanye bababusi bakaIsraeli benza okufanayo. Ingakho kulula ukusebenzisa izincwadi zebhayibheli ukubeka imithetho yokulwa izimpi, ukuphindisela nokuxhaphaza egameni leNkosi. Emva kokuba uIsraeli engenile ekhanani noma ngaphambi kwalokho, abantu bathatha **isinqumo** enhlanganweni

yabantu ngaphansi komthetho kaNkulunkulu. Nokuthembela esivumelwaneni sikaNkulunkulu bakwazi ukubamba impi yabo ngaphandle kwezikhali. Lokhu-ke kwathokozisa ababhlofidi ukuyeka ukusebenzisa amandla ngokwamakhosi. Labo-ke abasala ekudingisweni basungula i” -Torah Republic” eyalandelwa

ngumthetho kaNkuluNkulu wobulungiswa bonke, lapho abantu bakhululwa ebuqgilini, impahla eyayoniwe yalungiswa nokuthembela ezibhamini kwayekwa. Inkosi yayivunyelwa ukubusa kuphela uma izimbandakanya nokulunga kukaNkuluNkulu. Lesivumelwana sakhiwa saqina gonyaka weJubhili.

UJesu wawuthatha lomqondo. Uwubona umbuso uyintando kaNkuluNkulu kuyo yonke indawo, abahlu-phekayo benendawo kuNkuluNkulu, benentethelole, behlanganyela njengomphakathi, bethanda izitha zabo, nokungavumeli amandla obubi ukuba abuse.

Ibhayibheli lixoxa indaba exakile kaNkuluNkulu ethanda ukuphilisa abantu bakhe abkhulule ezintweni ezaletwa ngukulwa kwabantu. Lokhukulwa kubukeka kuwukungasebenzisi kahle amandla uNkuluNkulu asiphe wona. Sisebenzisa izikhali ukuxhaphaza lawom-andla. Lapho izikhali zikhqiqizwa ngamanani futhi abathengisi bequgquzelwa ukubheka izitha ezizobavuna. Ngenye indlela intuthuko isho ukusebenzisa izipho zika NkuluNkulu ukupha amandla abantu, ukuphakamisa impilo endumisweni kaNkuluNkulu nasekuzimeleni. Ngakho-ke ukuphepha akuveli nje kuphela ezikhali, kodwa ekuthembaneni komuntu nomuntu. Inhloso kaNkuluNkulu yempilo ivumela amakholwa ukumelana nokuphathwa kwezikhali, ekwazini komqondo owanele wokuphepha, nasekuqinisekeni kulezizinto. ■

**PACSA**

Pietermaritzburg Agency for Christian Social Awareness  
PO Box 2338, Pietermaritzburg, 3200. 174 Berg Street, Pietermaritzburg  
Telephone: (0331) 420052 Fax (0331) 420303 E-Mail: [pacsa@wn.apc.org](mailto:pacsa@wn.apc.org)